Health • Rural Development • Employment • Safety & Security • Education

# Vuk'uzenzele

JOBS INSIDE:

Produced by Government Communications (GCIS) | isiZulu/English | January 2018 Edition



Dumisani Makhaye Drive is the biggest road infrastructure development in the country in five years.

# On the road to economic growth

**THE OPENING** of Dumisani Makhaye Drive in KwaZulu-Natal paves the way for economic development.

SAnews

The new Dumisani Makhaye Drive not only addresses the challenge of apartheid spatial planning but it also paves the way for economic development for communities in the area. Speaking at the formal opening of the road President Jacob Zuma said: "The road is of high quality. It demonstrates government's commitment to growing the economy and creating much-needed jobs in the community."

The R1.3 billion project is the biggest road infrastructure development in the country in five years and also the most complex road project to be undertaken in years. It forms part of government's nationwide programme to upgrade infrastructure. The road spans the uMngeni River and provides a strategic link between Duffs Road in KwaMashu and Dinkelman in New Germany. It shaves 16 kilometres for traffic using the N3 to connect to the N2.

**"This is a major step in the government's drive to create easy access for communities for socio-economic development."**

This makes the communities of Newlands, KwaMashu, Inanda, KwaDabeka, Clermont and Pinetown more closely connected. It is set to ease traffic congestion in the eThekwini Metropolitan Municipality.

Significantly, the road will serve as a new alternative route to the King Shaka International Airport for traffic coming from the Pietermaritzburg and Pinetown areas, which will ease

Cont. page 2



**Full tummies equal better marks**

Page 6




**Young minds groomed for greatness**

Page 8

2030 NDP

@VukuzenzeleNews
Vuk'uzenzele
Websites: www.gcis.gov.za
www.vukuzenzele.gov.za
E-mail: vukuzenzele@gcis.gov.za
Tel: (+27) 12 473 0405
Free Copy

*"We have a vision of South Africa in which black and white shall live and work together as equals in conditions of peace and prosperity".*

Oliver Tambo - Georgetown University on 27 January 1987

Life and legacy of OR TAMBO. 100 YEARS



# I-*Central Application Clearing House* (i-CACH) Yowezi-2018



**I-CACH iwumsebenzi woMnyango Wezemfundo Ephakeme Nokuqeqesha osiza abantu abasha ngokubanika izeluleko kanye mhlawumbe nokubafaka emkhakheni we-PSET.**



## Iyini i-Central Application Clearing House?

I-*Central Application Clearing House*, ebizwa ngokuthi yi-CACH, umzamo wesikhashana woMnyango Wemfundo Ephakeme Nokuqeqesha yasungulwa uMnyango Wemfundo Ephakeme Nokuqeqesha ukuze isize abafundi abafuna izikhala zokufunda ezikhungweni zemfundo ephakeme abafisa ukungena oHlelweni LweMfundo Elandela Ukuqeda Isikole Nokuqeqeshwa (i-PSET) kodwa kungenzeka ukuthi ibhekene nesimo lapho:

- Befake isicelo kusenesikhathi ezikhungweni zemfundo abazikhethile kodwa izicelo zabo zachithwa, manje osekuphele isikhathi sokubhalisa kwesinye isikhungo.
- Labo abazoba ngabafundi abangasifakanga isicelo ngoba bengakwazanga ukuthola imiphumela edingekayo kuBanga le-11 ukuze babhalise kodwa bathole ukuthi imiphumela yabo yeBanga le-12 iyahlangabezana nalokho okudingekayo ukuze babhalise.
- Abangazange basifake isicelo ngesikhathi ngenxa yesizathu esithile noma abangazange basifake nhlobo isicelo.
- Abangazi nhlobo ukuthi bazofundani lapho beqeda umatikuletsheni.
- Abazi kancane ngalokho abafuna ukukufunda kodwa abangenasiqiniseko ukuthi ingabe lo mkhakha ubalungele na.

## Imisebenzi ehlinzekwa i-CACH

- Izicelo zamathuba okufunda e-PSET (emanyuvesi, emanyuvesi Obuchwepheshe, emakolishi emfundo yezobuchwepheshe namakhono emisebenzi kanye nokuqeqeshwa kanye ne-Sector Education and Training Authorities).
- Ulwazi mayelana nosizo lwezimali (Ulwazi lwe-NFSAS).
- Imisebenzi yokuthuthukisa amakhono omsebenzi (ukwelulekwa, ulwazi, iseluleko kanye nokuhlelela umsebenzi/ulwazi ngalokho ongakukhetha maqondana noxhaso kanye nokuthola imali yokufunda).
- Ukwesekwa kwabafundela imisebenzi yezandla (Isikhungo Sokweseka Ukuthuthukiswa Kwemisebenzi Yezandla Kuzwelonke).

**Imisebenzi ye-CACH iqala ngomhla ka 3 kuMasingana 2018, ezinsukwini ezimbalwa kusanda kuphuma imiphumela yokuhlolwa ye-NSC futhi izosebenza kuze kube sekupheleni kukaNhlolanja 2018.**

## I-CACH isebenza kanjani?

**Isigaba 1:** Abafundi abangasitholi isikhala ezikhungweni abafake izicelo kuzo, noma abafuna amathuba okufunda e-PSET, bangaxhumana ne-CACH kunombolo yamahhala **(0800 356 635)**, iwebhusayithi **(www.dhet.gov.za)** noma ngomyalezo we-SMS ojwayelekile (thumela igama nge-SMS ku **49200**) noma bangabhalisa online. Eminye imininingwane ungayithola ekhasini labo le-***Facebook*** **(CACH_SA)**.

**Isigaba 2:** Ama-ejenti azoshayela umfundi, ofuna isikhala sokufunda esikhungweni semfundo ephakeme, ucingo mahhala, ngokusebenzisa isikhungo sezingcingo, kubhaliswe nemininingwane kusizindalwazi se-CACH, kuhlonzwe umkhakha umfundi awubhalisele kanye nesifundazwe afisa ukufunda kuso.

**Isigaba 3:** Imininingwane eqondene nomfakisicelo kanye nemiphumela kamatikuletsheni kuzoqinisekiswa futhi kudluliselwe esikhungweni semfundo ephakeme nokuqeqesha ngokuzenzakalela ukuze mhlawumbe umfundi abhaliswe noma afakwe esikhungweni.

**Isigaba 4:** Imisebenzi ye-CACH izoqinisekisa imininingwane yomfundi futhi iyidlulisele ezikhungweni ezisenezikhala. Lapho kukhona izikhala, abafakisicelo behlangabezana nakho konke okudingekayo, kuzoxhunywana nezikhungo ngqo.

**Amaphuzu okumele Aqashelwe**

- I-CACH ayikwazi ukuqinisekisa umfakisicelo ukuthi uzosithola isikhala.
- I-CACH ayikwazi ukubona ukuthi isikhungo sizomthinta nini umfakisicelo ukuze mhlawumbe athole isikhala.

## I-CACH isiza abafakisicelo abangenasiqiniseko sokuthi bafuna ukufundani noma labo abangahlangabezani nalokho okudingekayo ukuze bangene Ohlelweni i-PSET?

Imisebenzi ye-CACH isebenza ngokubambisana neSikhungo Sokuthuthukisa Imisebenzi Kuzwelonke (i-NCDS) esiza ngokuhlinzeka ngolwazi lwezemisebenzi olunzulu kanye neseluleko mayelana:

- Imisebenzi kanye nemikhakha efundwayo
- Ukukhetha isifundo.
- Ulwazi ngokuhlola kokuchibiyela.
- Ukulungiswa kwemiphumela yakamatikuletsheni.
- Amathuba okufunda ahlinzekwa uhlelo lwe-PSET.
- Izindlela ezingakhethwa zoxhaso kanye nosizo lwezimali.
- Ulwazi ngezinqubo zesicelo kanye nezinsuku zokuvala.
- Ukufakwa kwesicelo kwengxenye yesibili yonyaka kanye nezinsuku zokubhalisa.

## Noma ubani onentshisekelo emisebenzini ehlinzekwe ama-CDS angaxhumana nophiko lwezosizo lwe-CDS ngokusebenzisa izinkundla ezilandelayo:

- Thumela umbuzo wakho nge-SMS noma uthumele umyalezo othi ***"please call me"*** ku: 072 204 5056, noma
- Shayela u: 086 999 0123, okuyinombolo ehlanganyelwayo, kusukela ngoMsombuluko kuya kuLwesihlanu phakathi kwehora lesi-8 ekuseni nelesi-4:30 ntambama,
- Thumela i-imeyli ku: *careerhelp@dhet.gov.za*
- Vakashela amahhovisi ethu ku: 123 Francis Baard Street, Pretoria.
- Ku-***Facebook*** ku: *www.facebook.com/careerhelp*, noma
- Ku-***Twitter*** ku: *www.twitter.com/rsacareerhelp*

## Amathuba okuxhaswa uhulumeni ngemali yokufunda?

Kunamathuba ahlukahlukene atholakalayo Isihambeli okuxhaswa ngemali ukuze ufunde esikhungweni semfundo ephakeme, ahlinzekwa: uHlelo loMfundaze i-Funza Lushaka , uHlelo Lokusiza Abafundi Ngemali Yokufunda (i-NSFAS)e, uHlelo Lokuthola Imfundo Lwabantu Basemakhaya, uMnyango Wezokuthuthukiswa Komphakathi, uMnyango Wezesayensi Nezobuchwepheshe kanye noMnyango Wezempilo.

## Ngubani okufanele afake isicelo sosizo lwezimali?

Abafundi baseNingizimu Afrika abangathanda ukufunda ezikhungweni zemfundo ephakeme nokuqeqesha bayamenywa ukuthi bavakashele amaHhovisi Osizo Lwezimali esikhungweni abazikhethele sona.

higher education & training
Department:
Higher Education and Training
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

2030 NDP

# Izisu ezigcwele ziholela emiphumeleni engcono

**UHLELO LOKUHLINZEKA** Ngokudla Okunempilo Ezikoleni Kuzwelonke londla izigidi zezingane ezweni lilonke.

**More Matshediso**

Bangaphezu kwezigidi abafundi abafunda ezikoleni zikahulumeni eNingizimu Afrika yonkana abakwazi ukwenza umsebenzi wabo wesikole ngenxa yohlelo lukahulumeni oluqinisekisa ukuthi izisu zabo zigcwele ukudla okunempilo.

UMnyango Wezemfundo Eyisisekelo (i-DBE), ngokusebenzisa uHlelo Lokuhlinzeka Ngokudla Okunempilo Ezikoleni (i-NSNP), usebenze waze weqa umgomo wawo wokuhlinzeka ngokudla kubafundi bakuleli abangama-75%.

Umqondisi we-NSNP kulo mnyango, uNeo Rakwena, uthe izikole eziyizi-20 619 zipheka futhi ziphakele abafundi abalinganiselwa kuzi-9 032 622 ezweni nsuku zonke.

Uthe izikole ezingabandakanywanga ohlelweni kumele ziqonde emahhovisi esifunda uma zifuna ukuba yingxenye yohlelo.

Onyakeni wezimali wezi-2015/16, isabelomali esabelwe lolu hlelo silinganiselwa kuzigidigidi eziyisi-5 703 zamarandi. URakwena uthe imali esetshenziswa ohlelweni iyakhushulwa minyaka yonke ukuze kuhlangatshezwane nokukhuphuka kwamanani ezinto, isabelomali sonyaka wezimali wezi-2017/18 silinganiselwa kuzigidigidi eziyisi-6.4 zamarandi.

Lolu hlelo luqeda indlala yesikhashana futhi lube negalelo esimweni senhlalakahle yabafundi.

Uthe, "Izingane eziningi zibuya emakhaya adla imbuya ngothi, futhi kwabanye abafundi, ukudla kwasesikoleni yikho kuphela ukudla abakudlayo ngosuku. Ukudla okutholakala esikoleni kubanikeza umdlandla wokufunda, bakwazi ukugxilisa umqondo kanye nokuzibandakanya eklasini."

Ukubhaliswa esikoleni kanye nokuya esikoleni kwabafundi kuthuthukile ngenxa yohlelo lokuhlinzekwa kwezingane ngokudla. Kamuva nje, iKhabhinethi igunyaze ukushicilelwa koMbiko Wokuhlola i-NSNP odidiyewe uMnyango Wezokuhlela, Ukuqapha kanye Nokuhlola (i-DPME). Lo mbiko ubonakalisa impumelelo kanye nezinyathelo ezithathiwe ukuze kuthuthukiswe lolu hlelo.

UMqondisi Wezokuhlola ku-DPME, uJabu Mathe, uthe inhlosongqangi yokuhlola wukuhlola ukuthi ingabe i-NSNP iqaliswa ngendlela engaholela emphumeleni omuhle ozohlomulisa abafundi maqondana nezempilo kanye nezemfundo.

Ugcizelele ukuthi inhlosongqangi yohlelo isiyonke ukuthuthukisa isimo sezempilo kanye nezokondleka kwabafundi ababuya emindenini edla imbuya ngothi eNingizimu Afrika. Lolu hlelo luqondiswe kubafundi abafunda ezikoleni zikahulumeni eziku *quintile 1-3*, okungamaphesenti angama-60 ezikole ezinezingane eziqhamuka emindenini empofu eNingizimu Afrika.

Uhlelo luphinde lusize ukuqeda ububha emiphakathini ngokudala amathuba omsebenzi.

"Ngenkathi kuhlolwa kutholakale ukuthi i-NSNP ihlinzeka abantu abalungiselela abafundi ukudla bengaholelwa, abangaphezu kwezi-50 000 minyaka yonke, ngethuba lokukhokhelwa isibonelelo semali yokugibela okungama-960 amarandi ngenyanga," kusho uMathe.

"Sekukonke kwakha inani lwezibonelelo eziyizigidi ezingama-576 zamarandi ngonyaka ezisiza amalungu omphakathi."

Uhlelo luphinde lusimamise ukuqhutshwa kwemisebenzi ethuthukisa ezomnotho njengamabhizinisi amancane nasafufusa kanye nezigungu ezisebenza ngokubambisana, phecelezi ama-co-operatives okuyiwo azuzayo njengabahlinzeki bemisebenzi kulezo zifundazwe ezinezindawo ezihlinzeka ngemisebenzi eziqhelelene (KwaZulu-Natali, eGauteng, eMpumalanga naseNyakatho Kapa).

Ukutholakala kwemifino endaweni kunamathuba okuhlomulisa izikole nemiphakathi kuphinde kuthuthukise ezolimo zasendaweni.

Umbiko uphinde waveza ukuthi Ntshonalanga Kapa, iMpumalanga, iGauteng, iMpumalanga Koloni, iNyakatho Kapa kanye neNyakatho Ntshonalanga yizifundazwe osekuneminyaka zaluqalisa lolu hlelo ngempumelelo. V

**Nazi izinombolo zohlelo Lokuhlinzeka Ngokudla Okunempilo Ezikoleni Kuzwelonke (i-NSNP)**

- **Ama-75 wamaphesenti** – isibalo sabafundi abathola ukudla ngaphansi kwe-NSNP.
- Izi- **20 619** zezikole ezilungiselela futhi ziphake ukudla ezikoleni kubafundi abalinganiselwa kuzi-9 032 622 ezweni lilonke.
- Imisebenzi engaphezu kwezi-50 000 edalelwe abaphathi bokudla abangaholelwa.

# Classroom overcrowding brought to book

**THE GAUTENG** Department of Education has opened a new school that will help ease learner influx pressure.

**SAnews**

The newly-built state-of-the-art Seshegong Secondary School in Olievenhoutbosch, Centurion, will help alleviate classroom congestion.

The school will cater for 1 200 children from grades eight to 12. Because of its size, it is classified as a mega school designed to respond to the province's demand trends.

Gauteng Education MEC Panyaza Lesufi said the school is a modern information technology-based facility that incorporates the Department of Education's National Schools Infrastructure Norms and Standards.

According to the department, a success of the project has been the increased involvement of the community in the planning, implementation and ongoing management of the facility.

"The impact the project has had on the beneficiary community has been remarkable. Its success cannot be measured merely in direct benefits, such as the number of buildings erected, but rather the human benefit that the community has derived from being part of the process."

**"We will continue to open such schools every month until 2019 in our quest to change the face of township schools."**

A total of 2 110 people were employed during construction, including contractors, and at least 31 subcontractors were used.

The school's smart classrooms are connected to a Wi-Fi network that allows students to make use of the internet. It is also fitted with an intercom system, CCTV cameras and an alarm system.

The facility complies with the latest Green Building practices and the water system uses solar water heating. To mitigate water usage, rainwater is harvested and used for irrigation and to flush toilets, which reduces the usage of the council water.

To boost security at the school, a guard house has been built, security steel meshes installed and a clear view fence divides the school area and sports field.

MEC Lesufi pleaded with the community to "protect this school for many generations".

"We will continue to open such schools every month until 2019 in our quest to change the face of township schools," he said. V